# Izilwane ezincelisayo kanye nezinye izilwane

Amagama ______________________________

Usuku ______________________________

Isihloko ______________________________

Nisebenza nisemaqenjini amancane, xoxani ngomehluko okhona phakathi kwezilwane ezincelisayo, ezihuquzelayo, izinambuzane kanye nezinyoni. Bhalani amaphuzu ebhokisini. Bhalani ezinye izinto enizaziyo ngalezi zilwane ezahlukehlukene.

**Ezincelisayo**



**Ezihuquzelayo**



**Izinambuzane**



**Izinyoni**



Dlalani umdlalo wokuqagela. Umuntu oyedwa (induna) ucabanga ngesilwane esithile bese ebhala igama laso phansi esiqeshini sephepha engabonwa muntu. (Lesi silwane kumele kube esincelisayo, esihuquzelayo, isinambuzane noma inyoni.) Amanye amalungu eqembu kumele azeme ukuqagela ukuthi hlobo luni lwesilwane asibhalile (esincelisayo, esihuquzelayo, isinambuzane noma inyoni). Amalungu eqembu kumele ashintshane ngokubuza imibuzo, esizwa amaphuzu asemabhokisini. Induna izophendula kuphela ngokuthi "Yebo" noma "Cha". Uma ngabe ilungu nelungu leqembu selibuzile umbuzo, emuva kwalokho iqembu kumele lizame ukuqagela ukuthi leso silwane singesincelisayo, esihuquzelayo, isinambuzane noma inyoni. Ilungu nelungu leqembu lithola ithuba lokuba yiNduna.

Qinisekisa ukuthi wonke umuntu eqenjini lakho uyalithola ithuba lokubamba iqhaza kulo msebenzi.
Lalelisisa ngenkathi abanye bekhuluma, ungabaphazamisi. Khombisa ukuhlonipha imibono yabanye abantu, noma ngabe owakho umbono wehlukile kweyabo.
Phendula ngendlela enobungani futhi enosizo.